



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-7. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo zihambisane nezisephepheni lokuhlolwa.
 4. Fundisisa imibuzo ngaphambi kokuphendula.
 5. Bhala ngesandla esifundekayo, uhlele ngobunono umsebenzi wakho.
-

ISIQEPHU A IMIBHALO**Phendula Umbuzo 1 NOMA Umbuzo 2.****ESITHANGAMINI SEZETHAMELI: P. B. Maphumulo no-A. M. Maphumulo****QAPHELA: Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.**

Bhala **i-eseyi** ezoba izigaba ezine kuya kwezinhlanu amagama abe phakathi kwangama **300–350**.

Nakhu okubalulekile ukuze uthole umklomelo omuhle:

- Hlela i-eseyi njengoba uyalelwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 1**Kuyangima-ke Lokhu**

Umdlalo othi, *Kuyangima-ke Lokhu*, ungomdlalo **womsakazo**. Umbhali usebenzise kakhulu **inkulumo kayedwana (monologue)** ukudweba isithombe esicace bha ngomdlalo.

Hlaziya, ukhombise nge-eseyi umthelela wenkulumo kayedwana ekuvezeni ubunjalo babalingiswa, ukugqamisa isizinda nokuthula indikimba.

[30]**NOMA**

UMBUZO 2

Lake Lazikhotha Emhlane?

Umdlalo othi, *Lake Lazikhotha Emhlane?* ugqamisa kakhulu ukunyakaza, ukhululekile kunoweshashalazi ube futhi uyagcogcoma.

Fakazela lo mbono ngolwazi lwakho lomdlalo.

Bhekisa kokungezansi:

- Isizinda.
- Izigameko ezenzeka endaweni ngayinye.
- Abadlali abathintekayo kulezi zindawo.
- Inhloso yalokhu kugcogcoma.



[Izithombe zibolekwe kwi-Wikihow]

[30]

Phendula Umbuzo 3 NOMA Umbuzo 4.**AMAGEMFE: M. Hlengwa, L. Mathenjwa, T. Qwabe**

Khetha umbuzo OWODWA ubhale i-esityi ezoba phakathi kwamagama **angama-300 kuya kwangama-350**. Impendulo ayihlelwe ibe yizigaba ezine kuya kwezinhlanu.

QAPHELA:

- Hlela i-esityi njengoba uyaleliwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 3**Ubaba – Inhloko Yekhaya**

Fundisisa amazwi angezansi acashunwe endabeni, *Ubaba – Inhloko Yekhaya*.

Usengabona akwenzayo. Uma elithanda indiya lakhe kulungile. Into mina engiyishoyo ukuthi hhayi lapha kowami umuzi. Mina ngizovele ngiyithungele ngomlilo uma ike yangena la kowami umuzi.

[Ikhasi 46]

Enye inhliziyi ingitshela ukuthi uThobile nakanjani ukhulelwe. Ife iphele inhliziyi uma icabanga indaba yendiya. Ngingabe ngisazi noma kuyoba ngcono yini uma ekhuleliswe nguMzulu.

[Ikhasi 46]

Ingani wena weza ukuzokhulisa abantwana bami bangasweli lutho. Ungangitsheli ukuthi usuyakwehlula umsebenzi wakho ngoba ngizosuke ngikuxoshe kulo muzi kababa.

[Ikhasi 48]

Amazwi acashuniwe angenhla akhombisa ukuthi uMusa Khumalo **unesihluku, uyacwasana** futhi **ubukela phansi** abantu abangamaNdiya kanye nabantu besifazane.

Bhala i-esityi uhlaziye amazwi angenhla ubhekise endleleni uMusa Khumalo aziphatha ngayo ngenxa yokubalekela ukuthi uhlulekile ukuba ngubaba osempilweni yabantwana bakhe.

NOMA

UMBUZO 4

Ukunqamuka Konyaka

Umyalezo ogqamile endabeni ethi, *Ukunqamuka Konyaka*, uthi akukho qili lazikhotha emhlane.

Bhala i-eseyi uhluze le ndaba usekele isitatimende esingenhla ubhekise ezenzweni ezenziwa ngumlingiswa oqavile endaweni yakwaNobugwele.

[30]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

Uzothola imiklomo emihle uma ulandela imigomo:

- Isakhiwo esihle sombhalo.
- Ulimi oluhle nolunotho ngezimo zokukhuluma.
- Ingcikithi ekhombisa ulwazi lombhalo nokuziqambela.
- Irejista, ithoni nesitayela okufanele.

UMBUZO 5

Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Wena njengomfundi weBanga le-12 ucelwe nguthishanhlolo wakho ukuba wethule inkulumo kubafundi beBanga lesishiyagalombili abafikayo kulo nyaka ubaqwashise ngengwadla yobhubhane loKhuvethe olukhungethe umhlaba wonke.

Bhala **INKULUMO** ozoyethula kulaba bafundi.




[Izithombe zibolekwe kwi-Wikihow]

[20]

UMBUZO 6 IDAYARI**Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.**

Sewuzoqeda ukubhala ukuhlolwa kukamatikuletsheni. Ngesonto lakho lokugcina lokuhlola, unqume ukubhala konke okwenzayo kwidayari yakho.



[Izithombe zibolekwe kwi-Wikihow]

Bhala **idayari** yakho **yezinsuku ezinhlanu** uqale ezinsukwini ezimbili zokugcina kokuhlola kwakho kanye nezintathu usuqede ukuhlolwa.

Idayari yakho mayiveze okwenzekile/okwenzile kulezi zinsuku ezinhlanu.

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100